# uBUSI INHLANZI ESAVEMVANE.



Sanibonani, igama lami ngingu Busi. Ngiyinhlanzi esavemvane.





Woza uzohlanganyela kanye nami nabangani bami esihlala nabo kumakhorali eSodwana Bay, enyakatho neKwaZulu- Natal, eNingizimu Afrika.



Uma ungivakashela, ngicela ungawaqhephuli futhi ungawathathi amakhorali.

Ilona lodwa ikhaya enginalo, uma abantu beliqhephula kuthatha isikhathi eside ukuthi likhule.



Mina nomngani wami silambile manje, sisayobheka ukudla.



Sonke sinemilomo ecijile emincane namazinyo amancane kuyo yomibili imihlathi.

Ngalemilomo sikwazi ukudla phakathi kwamatshe namakhorali.



Sinenhlanhla ngoba thina sikwazi ukuthola ukudla nasezindaweni lapho ezinye izinhlanzi zingakwazi ukufinyelela khona.

Sidla izinkalankala ezincane, nezibungu zasolwandle namashrimps. Kwesinye isikhathi sidla izicezu zama khorali (coral).



Ngemilomo yethu emincane kuthatha isikhathi eside ukuthola ukudla esikudingayo.

Sibhukuda eduze nosebe emini njengoba sihamba sidla.




Ebsuku silala endaweni ephephile ngasosebeni.


Siyizinhlanzi ezincane, ngezinye izikhathi izinhlanzi ezinkulu zifuna ukusidla.



Yingakho Mina naba zala bami sisebenzisa amaqhinga ukuzivikela.

Uma usibuka uzobona ukuth sinechashaza ngase musileni. Sibuye sibe nomugqa omnyama ofihla amehlo ethu angempela.



Iso lethu lokudlala lenza izinhlanzi zicabange ukuth ikhanda lingasemsileni.

Leliqhinga lenza sikwazi ukubaleka siyocasha endaweni ephephile ngokushesha. Okuhle ukuthi lelicebo liyasebenza.

# IMIBUZO

## A

1) Uhlala kuphi uBusi?
2) Chaza umlomo wakhe?
3) Ukuthola kuphi uBusi ukudla kwakhe?
4) Bala izinto ezintathu uBusi azidlayo?
5) UBusi naba zala bakhe bazikhohlisa kanjani izinhlanzi ezinkulu?
6) Kungani kubalulekile ukuvikela amakhorali uma sivakashe osebeni?

## B

1) Kunezinhlanzi ezisavemvane kumakhorali ezingamashumi amabili nesishiyagalombili (28), eziyishumi nesithupha zibaleke (16). Zingaki ezisele?
2) Uma kunezinhlanzi eziyishumi nesishiyagalombili (18) emadwalweni asolwandle, bese kubanjwa eziyishumi nambili (12), zingaki ezisele?
3) Izinhlanzi ezingamashumi amathathu nesithupha (36), Susa eziyishumi nane (14), kwenza bani?
4) Uma uhlanganisa okuyishumi nesikhombisa (17), okuyishumi nantathu (13) kanje nokuhlanu (5), uthola okungaki?
5) Ngayinye inhlanzi esavemvane inamehlo amabili (2) kanye namabili lokudlala (2). Mangaki amehlo izinhlanzi ezisavemvane ezinawo uma ziyishumi (10)?

## C Bhala ngokulandelana kwezinhlamvu.

ikhorali i-anemone osebeni I- shrimp
amaqanda i-fin amazinyo umlomo

1) ____________________________ 2) ____________________________

3) ____________________________ 4) ____________________________

5) ____________________________ 6) ____________________________

7) ____________________________ 8) ____________________________

